
**Isolezwe – 26 July 2018 – Page 28**

# Unebhizinisi eliKhethekile



USEFAKE abazukulu emanyuvesi ngemali yokutshala ama-strawberry uNkk Khethekile Qwabe waseMondlo Isithombe: SITHUNYELWE

ZANELE MTHETHWA

WABAMBA amazwi endodakazi yakhe eyawasho ngaphambi kokuthi ishone owesifazane waseMondlo, eVryheid, oziphilisa ngokutshala ama-strawberry.

UNkk Khethekile Qwabe (70) wayeka ukudayisa ukudla erenki yamatekisi emuva kokushona kwendodakazi ayedayisa nayo.

Akawakhohlwa amazwi eyawasho, imtshela ukuthi kumele ayeke ukudayisa erenki kodwa athole okungcono.

UNkk Qwabe uthe wangcwaba iminyaka ilandelana kusukela ngo-2004 okwashona ngawo indodana yakhe. Ngo-2005 kwashona indodakazi yakhe. Indodana yashiya izingane ezintathu kwathi indodakazi yashiya ezimbili.

Yize ukushona kwezingane zakhe ngokugula kwamshiya nomthwalo wokukhulisa abazukulu, akazisoli ngokungena ebhizinisini lokutshala. Kumanje kunomzukulu ofunda eDurban University of Technology nomunye ose-University of KwaZulu-Natal.

"Sasisizana kakhulu nendodakazi yami sidayisa ukudla okuvuthiwe erenki yamatekisi. Indodakazi yami yayinesifo sofuba esagcina siyithathile. Nganginayo ekhaya ngesikhathi ishona yangiyalela ukuthi ngiyeke ukudayisa erenki. Ngangivele nginengadi yokutshala ama-strawberry, amazambane, ummbila, amadumbe nobhatata. Ngabona ukuthi kungcono ngandise ingadi yokutshala ama-strawberry ngiwadayise. Ngesikhathi kushona ingane yami ngangiwatshalela ukuthi siwadle kuphela," echaza.

Uthe waqala ukudayisela umphakathi ngo-2006, engena nasezikoleni nasemahhovisi abasebenzi. Ngenxa yokubona isasasa lokuthengwa kwawo, ubelokhu eqhubeka andisa ingadi etshala amanye.

Uthe akuthandayo ngawo wukuthi ihektha elilodwa lizala elinye indlela anda ngayo.

UNkk Qwabe uthe wazama ukuyocela usizo emnyangweni wezolimo kodwa watshelwa ukuthi kumele afune abanye besifazane azotshala nabo. Kuthe esebatholile bafundiswa, babhalisa nenhlangano athe wabuye wasala ngaphandle kuyo.

"Ngisola ukungafundi kwami okuyikona okwangenzela phansi. Kwathi sekuphuma isitifiketi saphuma singenalo igama lami. Ngaphindela emnyangweni ngiyobika, kwathiwa angizenzele esami. Kumanje isitifiketi sikhona kodwa asingisizi ngalutho. Ngifisa ukuthola uxhaso lwemali ukuze ngibiyele lapho ngitshale khona," kusho uNkk Qwabe.

Ubonga inkosi ngokuthi imsikele indawo wagcina esenepulazi elincane atshala kulo.

Uthe usefundisa nabazukulu bakhe ngaleli bhizinisi ngoba yilona elibafundise labafaka nasenyuvesi.

Usethenga izitsha zokufaka ama-strawberry ukuze awadayise njengoba esuke edayiswa ezitolo.

UNkk Qwabe ulizama ngayo yonke indlela ibhizinisi uze aqoqe namaphakethe ama-chips enze ngawo amakhethini okuvala emnyango. Ubuye athunge izinto azihlobisa ngobuhlalu azidayisele umlungu waseVryheid obuhambisa kumngani wakhe eGermany.

Uma edayise kahle ama-strawberry wenza phakathi kukaR2 000 noR5 000 ngenyanga. Ubuye ahlushwe yisomiso esilimazayo ibhizinisi.